# UKUHLANGANA NGAPHANSI KWENHLOKO EYODWA

Asibe silokhu simile umzuzwana nje senzele umkhuleko.

2 O Nkulunkulu Baba wethu, siyaKubonga futhi kulobubusuku ngenhlanhla esinayo yokubuthana ndawonye futhi sikhuleke. Wena wethembisile ukuthi Uyozwa useZulwini futhi uyophendula imikhuleko yethu futhi uyophulukisa izwe. Futhi, Nkulunkulu, uma kwake kwabakhona izwe elalidinga ukuphulukiswa, yizwe esiphila kulo. Futhi sikhulekela ukuthi Uzoliphulukisa ngokuthumela imvuselelo eyifeshini endala ezolelapha ngezifo zalo, izifo zalo zokomoya. Siphe khona, Nkosi.

3 Wena usiphe ukudla okuningi, izingubo ezinhle, kodwa, o, silangazelela kanjani ukuzwa iZwi leNkosi! Wena ushilo eZwini ukuthi kuyofika indlala ngalezizinsuku, nabantu bayogijima besuka enyakatho baye eningizimu, futhi kusukela—kusukela ogwini kuya ogwini befuna ukuzwa iZwi likaNkulunkulu futhi bayohluleka ukuLithola.

4 O Nkulunkulu, gcoba abefundisi baKho kabusha. Nkosi, kwangathi singaphumela ensimini neZwi, sitshale iZwi langempela; uma kungekho-Zwi, akukho-Mbewu ehlwanyelwe, akuyikubakho-sivuno. Siphe amandla manje kusesemini, ukuze sihlwanyele iMbewu yokuPhila kwabafayo nababhubhayo abayizigidi. Ngokuba siyakucela, eGameni laKhe, nangenxa yenkazimulo yaKhe. Amen.

5 Ningahlala phansi. Lawomaduku amancane kanjalo, lokho kulunge ngokuphelele ukuwabeka phezulu lapha. Sizowakhulekela, futhi sizoba nesibusiso esikhulu ngokukwenza, noNkulunkulu ubelokhu ekuhlonipha njalo, izinto ezincane ezilula njengokukhuleka phezu kweduku.

6 Kunensizwa lapha, indodana yomfowabo womfundisi yaseNingizimu Afrika, eyayisemihlanganweni yami ezansi lapho. Futhi ngangiseCape Town, futhi cishe sasinamasaka otshani ayisishiyagalombili amakhulu agcwele iposi, sasingenaso isikhathi sokukhonzisa ngamunye, futhi ngangikhulekela lawomasaka agcwele eposi. Nephepha lathi, "UMfowethu Branham uthi ukuba ngokholelwa ezeni, ubekhulekela iposi." NgumBhalo ukwenza njalo, yiZwi leNkosi.

7 Manje, kulobubusuku ngifuna ukuzama ukuphuma eli. Nginigcine kwaze kwaba leyithi izolo ebusuku, futhi ngi—ngiyaxolisa uma nginibangele ukuba nigeje amabhasi enu, kanjalonjalo.

8 Manje, kusasa ebusuku, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukushumayela ngendaba ethi: *Isandla Esiloba Odongeni NeziBonakaliso ZeSikhathi.*

9 Bese kuthi-ke, ngoLwesihlanu ebusuku ngifuna ukushumayela ngendaba, uma iNkosi ithanda *Ngabe IBandla Lizohamba Ngaphambi Kwesikhathi SokuHlupheka, Yebo Noma Qha?*

10 Bese kuthi-ke ngeSonto ntambama ngifuna ukushumayela ngendaba ethi: *Ngabe UKhozi...? NjengoKhozi Luhlakaza Isidleke Salo Bese Lubhakuza Phezu Kwamachwane Alo.*

11 Ngifanele ngishayele ngiye ekhaya ngoLwesihlanu ebusuku, ngenyusa uNkk. Branham nabantwana, sekusondele, sekuthi akube ngamamayela ayikhulu namashumi amane kuphela ekhaya. Abatholi ukubona noma yimuphi wemihlangano.

12 Futhi ngilungiselela ukuya e-Afrika khona manje. Futhi nje ngibe nomlayezo omkhulu namhlanje ovele waxhuxhumisa inhliziyo yami, wezizwe cishe ezinhlanu zithumele izwi kimi namhlanje ngokuthi, futhi bangamadoda amakhulu ezizwe, babiza inkonzo, bathi yilokho okuyosindisa isizwe sabo ebukhomanisini. O, ngangijabule kakhulu ukuzwa lokho!

13 Ngangikwesinye sezizwe kungekudala nengane encane yafa ngalokho kusa ngelesishiyagalolunye nqo. Futhi ngalobobusuku cishe ngeleshumi nqo ngenkathi ekugcineni ngifika emsamo, iNkosi uNkulunkulu yanikeza umbono walelinenekazi elincane, nengane yalo encane yaphila, futhi yaphulukiswa. Futhi, o, ngenkathi lokho kushaya amaphepha ngosuku olulandelayo, futhi ngobusuku obulandelayo kwakukhona izinkulungwane ezingamashumi amabili ngesikhathi esisodwa zanikela izinhliziyo zazo eNkosini uJesu.

14 Lensizwa, uMnu. Thom ohlezi lapha, undawondawo, ngibonile, ngimbonile esikhashaneni esedlule, ngiyamangala, Tommy, uma wawusemhlanganweni waseThekwini ngenkathi izinkulungwane ezingamashumi amathathu zisindiswa. Ngabe wawuphezulu lapho ngalesosikhathi emhlanganweni na? Wawungekho lapho, kodwa wezwa ngakho. Ngicabanga ukuthi uyihlo wayelapho. UTommy wayesengumfanyana nje ngaleyonkathi, ungapha esikoleni seBhayibheli manje. Futhi u...Sasi...Izinkulungwane ezingamashumi amathathu zabomdabu boblankethe zemukela uKristu njengoMsindisi oqondene nabo ngesikhathi esisodwa. O, uNkulunkulu muhle kakhulu, aKanjalo na?

15 Ngifuna ukuthatha indaba kulobubusuku iNkosi eyibeke enhliziyweni yami namhlanje: *Ukuhlangana Ngaphansi KweNhloko Eyodwa*. Futhi ngifuna ukufunda omunye umBhalo emuva kuGenesisi isahluko 11 nesigaba nje sevesi 6.

> *INkosi yathi, Bheka, abantu bamunye,...*

16 Manje kwangathi Angenezela izibusiso zaKhe ekufundweni kweZwi laKhe. "Abantu bamunye."

17 Manje, *genesisi* kusho "ukuqala." Futhi yonke into ekhona namhlanje yayine, lokho *kungukuthi*, yayinesiqalo sayo, nayo yonke into ekhona iqala kuGenesisi. Khumbulani, ukuphila kwaqala kuGenesisi; ukufa kuqala kuGenesisi. Futhi yonke imicabango iqala kuGenesisi, okulungile nokungalungile, konke kuqala kuGenesisi.

18 Uma utadisha imiBhalo ngokusondele ngempela, uzothola ukuthi ngisho nezimfundiso ezigqamileyo nezinkoloze zanamuhla zazinesiqalo sazo kuGenesisi. Uma nje nizobhekisisa uNimrodi na—nabehlukene emBhalweni, zonke lezozimfundiso ezigqamile esinazo namhlanje ziqala kuGenesisi. Manje, namhlanje bayakupholisha futhi bakwenze kubukeke njengenye into, kodwa kuseyilowomoya omubi omdala, uma nizobhekisisa imvelo yawo nendlela oziphatha ngayo.

19 Niyazi, eminyakeni embalwa edlule ngenkathi ngisengumfanyana nje ngangi, ngangiphila esikhathini sokwenqatshelwa, futhi babenoCharlie Barleycorn omdala, babembiza kanjalo. Abaningi benu bangamkhumbula lowomuntu obukeka kabi, isigqoko sakhe esifocokile, namahlombe akhe eqhothile, nomgxeki obukeka kabi ayenguye, lowo kwakunguCharlie Barleycorn. Kodwa niyazi, namhlanje usephenduke indoda epholishiwe, akasekho komncane, ujeke onsundu, naphandle ekhoneni lapho isifunda selambu elibomvu sikhona, uhlala ebhampini ebhokisini lika ayisi lawo wonke umuntu, kodwa usenguCharlie Barleycorn ngokufanayo nje, omubi omdala ofanayo.

20 IBhayibheli lathi, uNkulunkulu eBhayibhelini wathi, "UMoya waMi awuyikubusa njalo kumuntu." NoJesu wathi kuMathewu 24, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Niqaphelile na? UMoya kaNkulunkulu wawulwa nomuntu, hhayi umuntu elwela ukwazi uMoya kaNkulunkulu, kodwa kwakunguMoya kaNkulunkulu ulwela ukufinyelela kumuntu. Futhi, o, kuhambisana kanjani ncamashi namhlanje! UMoya kaNkulunkulu ulwa nomuntu.

21 Futhi ngiyazibuza ukuthi uNkulunkulu akacabangi yini nje njengoba Enza ngalezozikhathi. KwaMdabukisa ukuthi Wake wenza umuntu, ukubona ukuthi abesilisa abahlubukayo bangamelana kanjani noMoya waKhe nohlelo lwaKhe nendlela yaKhe yokuphila yabesilisa nabesifazane.

22 Manje, siyabona manje endikimbeni yethu, kulobubusuku, ukuthi umuntu wayezihlanganise ndawonye. Futhi babevele empumalanga beya entshonalanga, futhi bafika esigodini saseShineyari. Impucuko ibilokhu ihamba isuka empumalanga iya entshonalanga.

23 Ngifisa sengathi kuphela benginesikhathi, bengingathanda ukukhuluma ngomlayezo: *Lapho Kuhlangana IMpumalanga NeNtshonalanga, Kwenzekani na?* Futhi sekuvele kuhlangene, iMpumalanga neNtshonalanga kuhlangene ndawonye. Umuntu uhambe nokushona kwelanga, ngoba uyisidalwa esibhubhayo, uhamba nelanga, uyaphuma futhi uhamba uya ngasentshonalanga. Manje, impumalanga nentshonalanga sekuhlangene. Futhi lapho eqhubeka, uzuza ukwazi ngaso sonke isikhathi kuze kube manje isondo selibuyela emuva futhi.

24 Manje, siyabona ukuthi bona njengoba behamba beza kulelizwe elihle, futhi bazihlanganisa bona uqobo njengabantu ababodwa. Futhi lokho kulungile, kodwa babehlangene ngaphansi kobuholi obungalungile, babehlangene ngaphansi kobuholi bomuntu. Futhi uNkulunkulu ufuna umuntu ahlangane ngaphansi kobuholi baKhe uqobo, Ufuna sibe munye, kodwa Ufuna ukuba nguYe nathi, kodwa umuntu ufuna umuntu ongumfo wakubo abe ngumholi wakhe, futhi ahlangane phansi kokuhlakanipha komuntu ongumfo wakubo.

25 Futhi kuyethusa kakhulu ukubona ukuthi umuntu ufuna kanjani ukuba munye. Isizathu sokuthi afune ukuba munye yingoba uNkulunkulu umsungulele leyonhloso. UNkulunkulu wasungula umuntu, wamenza waba munye, ukuba asebenze ndawonye, ukuba abambisane ndawonye, lokho ukwakheka komuntu, yileyondlela uNkulunkulu amenza ngayo.

26 Kodwa umuntu njalo ufuna ukuba nombono wakhe ngakho, ufuna ukuveza into ethize uNkulunkulu angazange ahlose ukuba ayenze. Ufuna ukuthola izindlela zakhe, ufuna ukwenza amacebo akhe uqobo. Angeke alemukele icebo uNkulunkulu amenzela lona, ngoba liyimvelo yakhe ewile.

27 UNkulunkulu wamtshela ensimini yase-Edene ukuthi ngawo impela umzuzu ukuthi waze wathinta ngisho lowomuthi ukuthi inkathazo yayisendleleni, kodwa umuntu ethathwe kulowomuthi, futhi uba yisisebenzi sesayense. Futhi khona kanye ukuluma kokuqala akuthatha, wazehlukanisa noMsindisi wakhe, noma, uMdali wakhe.

28 Futhi kunjalo kulobubusuku ukuthi umuntu usaphila ngalowomuthi, futhi ayikho indlela ezweni yokuba umuntu asindiswe ngalowomuthi. Futhi kungani sigcizelela kangaka ocwaningweni lwesayense, ukuthi sizisindisa kanjani thina uqobo, ukwenza ibhomu elingcono kunelaseRashiya, ukwenza indiza engandiza ngokushesha na? Sizama ukuzisindisa.

29 Ukwazi akusoze kwakusindisa, kukuyisa kude noNkulunkulu ngaso sonke isikhathi. Yinye kuphela indlela yensindiso, leyo ngukubuyela eMthini wokuPhila. Ukwazi akukho ngisho esithombeni; ngukubuyela eMthini wokuPhila.

30 Kwakukhona imithi emibili, owodwa kwakungukwazi, omunye kwakungukuPhila. Inqobo nje uma umuntu edla

ku*lo*muthi wayephila, ngenkathi eluma ku*lowo*muthi wafa. Kodwa niyabo, kuyimvelo yakhe ukuzama ukwenza okuthile ukuze azisindise. Akukho neyodwa into ongayenza ukuba uzisindise.

31 Indoda yathi kimi ngesinye isikhathi, yathi, "O, ngafuna uNkulunkulu futhi ngafuna uNkulunkulu!"

32 Ngayilalela imizuzwana embalwa, ngase ngithi, "Mnumzane, angifuni ukuphikisana nawe, kodwa ngifanele: Awuzange ufune uNkulunkulu, futhi akukho muntu owake wakwenza. Akusuye umuntu efuna uNkulunkulu, nguNkulunkulu efuna umuntu."

33 Kwakungenjalo . . . UNkulunkulu ehla enyuka ensimini ethi, "Adamu, Adamu uphi na?"

34 Kwakungesuye umuntu ehla enyuka ensimini ethi, "Nkulunkulu, Nkulunkulu, Ukuphi na?" KwakunguNkulunkulu ebiza u-Adamu.

35 Futhi uNkulunkulu wathi eZwini laKhe, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." Ufuna ukuthola Okukudonsayo, kodwa nguNkulunkulu ozodonsa kuqala. UmBhalo usho lokho, nokuthi kuyiqiniso kanjani!

36 Kodwa siyathola lapha ukuthi babehlangene ngaphansi komholi oyedwa omkhulu. Futhi lapho uthola umuntu phansi kobuholi bomuntu, bese-ke uthola eminye imibono engeyakhe, ezama ukuzuza ngempumelelo into ethize angayiqamba noma azenzele yona. Futhi uNimrodi babezakhele umbhoshongo. Futhi kuxakile kakhulu ukucabanga ukuthi kanjani ukuthi zonke izinto udeveli anazo, weba ilungelo lobunikazi kuNkulunkulu ukukwenza. USathane akakwazi ukudala, uSathane akasuye umdali, ungumphendukezeli wento ethize uNkulunkulu ayidalile.

37 Yingalesosizathu ukuthi akekho owazi iBhayibheli lakhe noma owazi uNkulunkulu, oyothi udeveli angaphulukisa, ukuphulukisa kuyindalo, futhi uma udeveli engadala, ubengazidalela izwe nabanye abantu. Kodwa akakwazi ukudala, uphendukezela lokho uNkulunkulu akudalile.

38 Kuyini ukungalungi na? Ngukulunga kuphendukezelwe. Yonke into oyibonayo ukuthi ayilungile, yenza okuphambene nje futhi uzoba kahle, ngokuba ukungalungi kungukulunga kuphendukezelwe, khona-ke unelungelo, futhi.

39 Futhi khumbulani, ukuthi noma yini umuntu ayenzayo engaphandle kwecebo likaNkulunkulu, iphendukezelwe, akunandaba ukuthi kubukeka kukuhle kanjani, kusalokhu kuphendukezelwe, ngoba uNkulunkulu unomqondo waKhe wasekuqaleni, futhi Wawunikeza umuntu, nomuntu ufuna ukwenza okuthile okungokwakhe, ufuna ukuba nokuthile azokuhlanganisa nakho.

40 U-Israyeli wenza iphutha lakhe elikhulu kunawo onke esahlukweni 19 sika-Eksodusi, emva kokuba umusa usuhlinzeke umhlatshelo, umusa wawuhlinzeke umsindisi, uMose, umusa wawuhlinzeke ukukhululwa, futhi nokho babefuna okuthile abazozenzela khona, "Sinike umthetho." Futhi abazange bakugcine, futhi abakwazanga ukukugcina. Kodwa konke kuwela emuva kuNkulunkulu wakho Owenza zonke izinto ezinhle.

41 Bahlangene ngaphansi kwenhloko eyodwa, inhloko engalungile. Niqaphelile na? Udeveli njalo ufuna ukusebenzisa inhloko yomuntu, umnika ulwazi oluthile. O, abantu abaningi bahamba bayokhetha umfundisi wabo, lowo oza ebandleni lakho, "O, une—ne Ph.D. O, ungumfo nje webandla lethu." Ngingaqoka ukuba nendoda eyayingabazi o-ABC bayo futhi eyazi uNkulunkulu. Kodwa, niyabo, ucabanga ukuthi kungenxa yokuthi unemfundo; ubuka ngeso.

42 Manje, lawo amanga afanayo udeveli awatshela u-Eva, wathi, "Kuyabukeka esweni." Neso njalo lisekhanda. Futhi konke lokho okuyikho, ngukufa okugqokisiwe, ngudoti nokhilimu omncane phezu kwengaphezulu lakho. Kunjalo.

43 Bazobona lezizithombe ngasemigwaqeni yethu, zabathandekayo, abesifazane abasha bemile, bethi, "Sibhema iChesterfield." Futhi kwenza owesifazane osemusha namhlanje afune ukuba njalo, ngoba ufuna ukuthandwa ngabantu. Ngani na? Kungamanga afanayo nomqambimanga ofanayo emva kwakho, udeveli, owenza isono sibukeke sithokozisa. Kungukufa kuphela okugqokisiwe.

44 Futhi bazokhipha uhlobo oluthile lwebhodi lesayini, lenenekazi elithize elincane, elibukeka kahle, likolunye uhlobo oluncane, izingubo ezibukeka zingenasimilo, futhi liyacabanga, "O, lokho kuhle nje!" Kungukukubuka ngeso, kodwa ngukufa kugqokisiwe, yilokho kuphela okuyikho, ukufa kubunjwe ngesimo sobuhle. Futhi khumbulani, ubuhle buyakhohlisa.

45 Kwakungumqondo kaSathane ukwenza umbuso ongcono nomuhle kakhulu kunokaMikayeli. Ubuhle kwaba ukuwa kwasekuqaleni nje, nodeveli ukusebenzisile lokho kusukela lapho. Into enje okuyiyo namhlanje ukubona ukuthi umbuso kadeveli wenziwa waba muhle kakhulu, nenqwaba yabantu bawela kuwo!

46 Manje khumbulani, udeveli uyakholwa. Abantu abaningi bayathanda ukwehlela esontweni elinomkhulu kakhulu, umboshongo ophakeme kulo nezihlalo ezibekiwe zifakwe isikhumba sevukuzi kakhulu. Akumangalisi umshumayeli engakwazi ukushumayela kuphela imizuzu eyishumi nanhlanu, ubuyolala endaweni enjalo. Futhi nenkulukazi, i-ogani yepayipi yesigidi samadola, futhi nomelusi nokhololo wakhe uqhaselwe ngemuva egqoke ingubo ende, nohlobo oluthile lwencane, into

ethize ekitaza indlebe yenhlangano yomphakathi ethize noma ngezombusazwe ezithize. Ini? Asikufuni lokho! Umntwana wangempela kaNkulunkulu, uma ezoma ekhoneni lesitaladi, noma emishini endadlana, futhi ezwe iZwi likaNkulunkulu lishunyayelwa ngamandla nezibonakaliso zikaMoya oNgcwele, uzolicosha.

47 Kodwa yisayense, yinhlangano yomuntu, umuntu uyazihlela yena uqobo. O, kuhle kanjani ukuzwa. . . Ngesinye isikhathi abantu bathi, "NgiyiPresbyterian. NgiyiMethodisti." Kungesikho ukunikhahla, bazalwane bami, ngizama kuphela ukukhombisa iqiniso.

48 Kodwa uma ubufanele uthi ubuyiPentecostal, bekuzowusokamisa umoya wakho; nalolohlobo lomoya belufanele lusokamiswe. Wena uthi kubulala umoya, awu, noma yimuphi umoya ongabulawa ngegama lePhentekoste, ubufanele ubulawe. Kunjalo.

49 IPhentekoste ayisiyo inhlangano, iPhentekoste yisehlakalo esifika kubo bonke abantwana abazelwe ngokusha. O, ngiyazi ukuthi umuntu uzamile ukukuhlela, futhi ukwenzile, bahlela iqembu labantu, kodwa abakwazi ukuhlela iPhentekoste. IPhentekoste liya kwiMethodisti, iBaptisti, amaPresbyterian, kumbe noma ubani olifunayo; kodwa benza inhlangano ngalo, lowo ngumuntu, udeveli esebenza ekhanda lakhe, into azoyibona, "Ihlelo lethu likhulu kunelomunye umfo." Aniboni ukuthi lowodeveli omdala akafi na? Uyaqhubeka nokuphila. "Sibakhulu kunomunye umuntu."

50 Intombazanyana, ibukeka sengathi, yayingohlulwa wuphuzo, futhi yayikwelinye lamabandla amaProtestane amakhulu kunawo onke ezifundazweni ngolunye usuku, inikeza ubufakazi. Nabantu bakhala izinyembezi ngenkathi ibatshela ukuthi yayilethwe kanjani ethuneni lesidakwa, lapho abahlanu bodokotela ababedlula bonke esizweni bathi ayinathemba, i A. A., Alcoholics Anonymous yayidela njengodaba olungenathemba, futhi ngenkathi iza emsamo, uMoya oNgcwele wathi, "Rosella Griffith, ungohlulwa wuphuzo, *nokuthi-nokuthi-nokunjalo*, nezinto yenzekile, kodwa ISHO KANJE INKOSI!" Futhi wakhululwa. Wanikeza ubufakazi bakhe, abantu bakhala izinyembezi.

51 Futhi emva kwesikhashana omunye wathi, "O, ubengumntwana othandekayo, kodwa uyiPentecostal." Animboni lowo omdala owenziwe ngumuntu, udeveli omehlo aluhlaza satshani na? O, ungeke wakupholisha. Kuseyisono nokungakholwa. Angikhathali noma kwakunguFakazi kaJehova, kumbe noma yiluphi olunye uhlobo lofakazi, inqobo nje uma uNkulunkulu elapho ngizoba nakho. Kunjalo. Lapho uNkulunkulu ehamba kuMoya, abantwana baKhe uhamba naWo.

52 [UMfowethu Branham ungqubuza isiqophamazwi—Umhl.] Isiqophi somunye umuntu, ngiyaxolisa. Angixhuxhumi, kodwa ngizizwa ngikholwa ngempela. O, kukhona okuthize nje ngaLo okufika yonke indawo kuwe, iZwi, hhayi konke phezu kwakho, kodwa konke phakathi kuwe, Kunyakazisa yonke imisipha emincane ngaphakathi kuwe.

53 Umuntu usebenza ngekhanda lakhe futhi ubuka ngeso lakhe. Niyabo, udeveli wathi kowesifazane, "O, umuthi uyabukeka."

54 Wathi, "Kuhle ukuwubuka." Niyabo, lowodeveli ofanayo, uma engakuthola ukuba ume umzuzu nje, angakwenza uzindle ngakho, angakwenza ucabange ngengqondo yakho. Kodwa uNkulunkulu akasebenzisi ikhanda lomuntu, uNkulunkulu usebenzisa inhliziyo yakhe. UNkulunkulu usebenza enhliziyweni yakhe ngenkathi udeveli esebenza ekhanda lakhe, UNkulunkulu wakhetha inhliziyo; iBhayibheli lathi, "Njengomuntu ecabanga enhliziyweni yakhe, unjalo naye."

55 Lapha esikhathini esithize esedlule, eminyakeni edlule, ososayense bathi, "Awu, uNkulunkulu impela wenza iphutha lapho, ngoba awekho amandla engqondo enhliziyweni yomuntu ukucabanga ngawo. Ya, Wayeqonde ikhanda lakho." Ukuba uNkulunkulu wayeqonde *ikhanda*, Wayeyothi *ikhanda*. Kodwa Wathi *inhliziyo*, ngakho ngikholwa ukuthi Wayeqonde *inhliziyo*.

56 Khona-ke niyazi, cishe eminyakeni emihlanu edlule ngangiseChicago, ngibone isiqephu esikhulu ezihlokweni zezindaba zephepha lapho isayense yayithole khona lokho enhliziyweni yomuntu, hhayi inhliziyo yesilwane, enhliziyweni yomuntu kunegunjana elincane elingenalo ngisho nengqamuzana legazi kulo, kwakuyindawo yokuhlala yomphefumulo, ngakho umuntu ucabanga ngenhliziyo yakhe, empeleni, uNkulunkulu wayeqinisile. Futhi sizothola ngaso sonke isikhathi ukuthi uNkulunkulu uqinisile. Ucabanga ngekhanda lakhe, kodwa ukholwa enhliziyweni yakhe.

57 Manje, udeveli ucabanga ngengqondo yakhe ukumkhombisa okuthile ngeso lakhe, kodwa inhliziyo yakhe izomenza akholwe into ethize obeliyoba ngokungenakwenzeka ukuyibuka, ngoba ngukukholwa anakho enhliziyweni yakhe, ukholwa ngenhliziyo yakhe ngezinto angeke azibone. Nodeveli uyaphenduka futhi uthatha ikhanda lakhe futhi amenze afakazise ngokwesayense okuthize, futhi inhliziyo yakhe iyaphenduka futhi iyakuphika.

58 O, ukuba besingasuka ekwazini kwethu kwekhanda nenkolo yekhanda, siye enkolweni yenhliziyo lapho uNkulunkulu abengaya khona ukuyosebenza ebandleni, kuphume ekhanda lethu kungene enhliziyweni yethu! Umuntu uyakholwa enhliziyweni yakhe, ucabanga ngekhanda lakhe, uyakholwa enhliziyweni yakhe.

59 Manje, ingqondo izindla izinto, inhliziyo ayizindli nhlobo, ikholwa nje yilokho uNkulunkulu akusho. Kodwa niyabo, namhlanje singokwesayense kakhulu, o, thina maMelika, empeleni, singokwesayense kakhulu, kufanele kufakaziswe konke kithi.

60 Ezinsukwini zakudala ngenkathi omunye ethi iNkosi yenza isimangaliso, bavele bakukholwa nje, bacabanga, "Kulungile, mayibongwe iNkosi ngakho." Kodwa namhlanje, o, sifanele ngokwesayense sikuthathe sikuyise ezansi futhi sikufakazise. Futhi uma kungafakaziswa ngokwesayense, khona-ke akusesikho ukukholwa, nhlobo. O, ngiyethemba niyakuthola lokho! Uma kungokwesayense, akusesikho ukukholwa, nhlobo.

61 Ukuba-ke uMose wayethe, "Awume kancane lapha! Ake ngime umzuzu. Hlobo luni lwesifutho sekhemikhali esifakwe kulesosihlahla na? Lawomaqabunga ayafutha, kodwa awashi. Niyazi ukuthi ngizokwenzani na? Lapho siyeka ukuvutha, ngizokha amanye alawomaqabunga bese ngiwehlisela endlini yokusebenzela isayense. Futhi ngizoba nawo, amakhemikhali ahlaziywe, futhi nje ngithole ukuthi hlobo luni lwento yesayense lena"?

62 Ukuba wayekade enalolohlobo lomcabango, uNkulunkulu wayengeke athi, "Khumula izicathulo zakho." Wenzani na? Wenyuka ngokuzithoba, wayengenandaba ukuthi uMlilo, ukuthi Wawuvutha kanjani, noma ngabe isihlahla sasha noma qha, wayefunisisa uNkulunkulu. Futhi wonke omunye umntwana kaNkulunkulu uzokukholwa ngendlela efanayo. Wezwa iPhimbo elathi, "Khumula izicathulo zakho, Mose, usemhlabathini ongcwele."

63 Uma wehlela emhlanganweni kulobubusuku, futhi uyehla ukuthola uhlobo oluthile lwephutha, "Abantu babanga umsindo omkhulu kakhulu. Umshumayeli ushumayela isikhathi eside kakhulu. Nginganitshela ngokwesayense ukuthi kunabantu lapho okhandlekile, bebengafanele bahlale isikhathi eside kangako ebusuku," qhubeka, kodwa labo abeza bekhumule izicathulo zabo, nokwazi kwabo kwekhanda kusele ngemuva, nenhliziyo ivulelwe uNkulunkulu, uyozwa iPhimbo lithi, "NgingukuVuka nokuPhila."

64 "Ngizokwehla futhi ngibale ukuthi mangaki amalunga ebandla lami athamela leyomvuselelo, futhi ngizophuthuma ngibuyele emuva ngqo ukutshela umelusi ukuthi iPresbyterian yethu enhle, iMethodisti, abazalwane beBaptisti basezansi lapho. Ihlazo elinje pho!" Awu, nakho lapho uya khona futhi, emuva nekhanda; uNkulunkulu usebenzana nenhliziyo.

65 Manje, isizathu sokuthi lelogunjana elincane elisenhliziyweni yakho, uNkulunkulu wakubumba ngaleyondlela, lokho kwakungokwenhloso, leyondawo encane

enhliziyweni yakho, wonke umzimba wakho ubungowa—ngowakho, kodwa leyonhliziyo ingekaNkulunkulu, ukuthi, uNkulunkulu Wazenzela igumbi elincane phakathi lapho, ukuze Akwazi ukuhlala embhoshongweni olawulayo ukuze Akwazi ukukuhola. Malibongwe iGama laKhe eliNgcwele! O, uma besingaMvumela abe nguMshayeli wendiza noMoya oNgcwele uMshayeli wendiza wesibili, besiyoholelwa phezu kolwandle lokuphila, yigumbi laKhe lokulawula.

66 Kodwa wenzani umuntu na? Walalela umuntu wakubo futhi wemukela udeveli phakathi lapho. Nodeveli ungena kukho, futhi umholela ezintweni angazibona; uNkulunkulu umholela ezintweni Yena *azisho*.

67 Akumangalisi abantu bengakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu nodeveli ehlezi phezulu lapho ethi, "Ungakukholwa."

"Yebo, mnumzane, Mnu. Develi, kunjalo."

68 Kodwa uNkulunkulu uhlala enhliziyweni futhi wenza iZwi laKhe libe yilo ngempela kuwo wonke okukholwayo. Nakuba kungahle kungafezeki, mhlawumbe abakwazi ukukwenza, kodwa bayakukholwa, noma kanjani, ngoba uNkulunkulu washo njalo.

69 U-Abrahama ngenkathi etshelwa ukuthi wayezoba nengane ngoSara, wayeneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala ngaleyonkathi, futhi yena wayenamashumi ayisikhombisa-nanhlanu. Ukubukeka okuyinhlekisa kanje pho! Ikhehla elinamashumi ayisithupha-nanhlanu, noma, amashumi ayisikhombisa-nanhlanu, nowesifazane onamashumi ayisithupha-nanhlanu eya ezansi nedolobha ethenga bonke ophini nengubo emagqabhagqabha. "Uzoba nengane!" Awu, ucabanga ukuthi udokotela wayeyocabangani na? Ubeyothi, "Mnumzane, sifuna ukwenza amalungiselelo engane."

"Sewake waba nayo ngaphambilini na?"

"Qhabo."

"Uneminyaka emingaki, Sara na?"

"Amashumi ayisithupha nanhlanu."

"Ini? Uneminyaka emingaki, Abrahama na?"

"Amashumi ayisikhombisa nanhlanu."

"Wenzani ngawo onke lawomabhuzu amancane nezinto na?"

"Sizoba nengane."

"O, ngingafakazisa ngokwesayense kuwe ukuthi usedlule ngeminyaka engamashumi amabili ukuya esikhathini. Ngani, awazi lutho!"

70 Kodwa u-Abrahama wabiza lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona, ngoba uNkulunkulu washo njalo. Futhi lapho iminyaka idlula, waya ngokuqina. Izinsuku zokuqala

ezingamashumi amathathu u-Abrahama wathi, “Sara, uzizwa unjani, S’thandwa na?”

“Akukho okuhlukile.”

“Akabusiswe uNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani.” Kunjalo.

71 Unyaka wokuqala wedlula: “Sara, uzizwa unjani, S’thandwa.”

“Akukho okuhlukile.”

“Akabongwe uNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani.”

72 Kwadlula iminyaka engamashumi amabili: “Uzizwa unjani, Sara na?”

“Akukho okuhlukile.”

“Akabongwe uNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani.”

73 Ngani na? UNkulunkulu washo njalo. Kwakungekho ekhanda lakhe, kwakusenhliziyweni yakhe. UNkulunkulu akakhulumi ekhanda, Ukhuluma enhliziyweni, yilapho uNkulunkulu ehlala khona. Uma uNkulunkulu esesihlalweni sobukhosi, Uyakushukumisa, Ukwenza uye lapho. . .futhi ubone izinto Afuna uzibone, futhi ufulathelisa amehlo akho ezintweni udeveli akhuluma ngazo, hlala ngqo noNkulunkulu. O, kanjani . . .

74 Futhi thina singabantwana baka-Abrahama, iBhayibheli lasho ukuthi thina sifile kuKristu sithatha iNzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso, futhi asikwazi ukukholwa uNkulunkulu imizuzu engamashumi amabili-nanhlanu, futhi u-Abrahama waMkholwa iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, futhi khona-ke wadingeka athathe umntwana ukuba ambulale ukuqinisa isifungo futhi; futhi khona-ke singabantwana baka-Abrahama. Ngiyamangala ngezinye izikhathi! Ukuba besingabantwana baka-Abrahama, besiyoba nokukholwa kuka-Abrahama kuNkulunkulu, futhi sibize izinto eziphambene neZwi likaNkulunkulu sengathi zase zivele zenzekile, uma besingabantwana baka-Abrahama. Manje, ngiyazi lokhu ukudelela, mngani, kodwa kuyiqiniso.

75 Manje, siyaqaphela-ke ukuthi uNkulunkulu uthatha inhliziyo, Uyalawula. Manje, ngenkathi isono singena futhi saphazamisa inhliziyo yakho, no—nodeveli uyangena futhi wakuvimba konke, kodwa-ke uNkulunkulu wathumela iNdodana yaKhe uQobo eyenziwe ngomfanekiso wenyama enesono ukuhlanza leyonhliziyo, ukuze Angene,

76 Wenza indlela, ukwabela, noma, ukulungiselela, wehla wase ehlela indlela ukuze Ahlanze inhliziyo yakho ukuze Akwazi ukungena. Angengene enhliziyweni yakho naso sonke lesosono nokungakholwa lapho, nakho konke, “NgiyiPresbyterian. NgiyiPentecostal. NgiyiNazarene. Udumo

kuNkulunkulu! Haleluya!" Ngifuna ukuba ngumntwana kaNkulunkulu, kungakhathaleki, niyabo. Kodwa inqobo nje uma unalowomqondo, uNkulunkulu angeke angene lapho, uyiPresbyterian nje; uyiPentecostal nje; uyiNazarene nje. Kodwa lapho yonke leyomibono ingaphuma lapho, khona-ke uNkulunkulu angangena futhi abambe, ahambe akushukumise kahle. Niyabo? UNkulunkulu uzofanele angene ukuba abe nguMbusi.

77 Sihlangana ngaphansi kwezinhloko zamahlelo ehlukene, uNkulunkulu ufuna sihlangane ngaphansi kwenhloko yaKhe. Sihlangana ngaphansi kwekhanda lethu uqobo, noNkulunkulu ufuna sihlangane ngaphansi kobuholi baKhe benhliziyo yethu. Umehluko onje pho umuntu awenzile kukho!

78 Manje, awukwazi ukuma phakathi nendawo, ngifuna nikuqonde lokho, ungeke ume phakathi nendawo, ufanele ube nokukodwa, noma okunye.

79 Esikhathini esithile esedlule umvangeli omkhulu uBilly Graham, engikholwa ukuthi uyinceku kaNkulunkulu, nabanye abavangeli abakhulu, kodwa uBilly Graham wathi eLouisville, eKentucky, ekudleni kwakhe kwasekuseni, wacosha iBhayibheli, wathi, "Lona nguMgomo." Wathi, "Ngenkathi uPawulu ehamba futhi waba nophendukile oyedwa, wabuyela emuva ngemva konyaka futhi waba namashumi amathathu kulowo oyedwa." Wathi, "Ngingangena edolobheni futhi ngibe nezinkulungwane ezingamashumi amathathu, futhi ngibuye ngonyaka, ngingatholi amashumi amathathu."

80 Awu, mhlawumbe babengababaphendulwe nguBilly Graham, mhlawumbe babengababaphendulwe nguWilliam Branham, uma beyibo abayi kude kakhulu, ngizosho lokho, kodwa uma bengababaphendulwe nguNkulunkulu, bayohlala kuze kube phakade. Ngacabanga, "Billy, ngingathanda ukusho okuthize lapha."

81 UBilly, u-Oral, qobo lwami, amanye amadoda, abavangeli, abelusi, senzani na? Siphumela ensimini futhi siyashumayela, futhi ngenkathi kunjalo, umuntu uyaphenduka ezonweni zakhe, wenyukela e-altare wayesethi, "Nkulunkulu ngithethelele." Futhi Uyamthethelela. Manje-ke kwenzekani na? Umoya ongcolile uyaphuma kuye. Manje-ke benzani na? Bamphendulela emakhazeni athize amadala; ngiyakuzonda ukusho lokho, kodwa lelo yiqiniso.

82 Ngangihlala njalo ngisidabukela isidumbu, babayisa emakhazeni amadala befile, futhi khona-ke bazoqiniseka ukuthi bahlala befile, bafaka uketshezi kubo ukuze baqiniseke ukuthi abakwazi ukubuyela ekuphileni.

83 Lokho kuthi akube yindlela ngamanye alawa amadala, abandayo, amabandla agcina umthetho ngamehlo onawo ngalapha. Kungukujova kwemfundiso ethize endala eyenziwe

ngumuntu ukuqiniseka ukuthi uhlala ufile. Uyazi ukuthi kunjalo. Lokho kuya kuwo onke amahlelo, bangene lapho futhi babafundise ngohlobo oluthile lwemfundiso endala. O, wena uthi i*Hubo lokubonga*, futhi uphindaphinda uMkhuleko wabaPhostoli, noma—noma, isiVumokholo, futhi u . . .

84 Sitholakalaphi isiVumokholo sabaPhostoli eBhayibhelini na? Ayikho into enjalo. Uma abaphostoli babenanoma yisiphi isivumokholo, kwakungukuthi "Phendukani." Ngicabanga ukuthi uPetru wakhuluma isiVumokholo sabaPhostoli eZenzweni 2:38, wathi:

> . . . *Phendukani,* yilowo nalowo nibhaphathizwe *egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona* ni*yakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.*
>
> *Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu,* . . . kubo *abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.*

85 Babenesivumokholo, kwakuyilokho-ke, kodwa hhayi esinye salezizivumokholo ezenziwe ngumuntu.

86 Akumangalisi yini ukubona ukuthi udeveli uyithatha kanjani iphethini yakhe na? Lapha esikhathini esithize esedlule, ngiqaphela ethuneni likaMohamede, ethuneni likaMohamede kukhona ihhashi elimhlophe elimi lapho, selibe lapho iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, bashintsha onogada cishe njalo emahoreni amane. Benzani na? Balindele ukuthi uMohamede avuke ngolunye usuku futhi angene kulelihhashi elimhlophe futhi agibele ezweni futhi alinqobe.

87 Benazi yini ukuthi uJesu uza ngehhashi elimhlophe na? Niyabona ukuthi kubukeka kusondele kangakanani, ukuthi ibandla nazo zonke izivumokholo zalo namahlelo, kungabukeka kusondele kangakanani njengento yangempela nje na? IBhayibheli lathi ngezinsuku zokugcina imimoya emibili iyosondelana kakhulu, iyodukisa nabaKhethiweyo impela uma kungenzeka. Akusibo ubukhomanisi, ngubusonto, kunjalo, lowo ngumkhohlisi.

88 Qaphelani, ubukhomanisi, iRashiya, iRashiya ifuna ukuhlanganisa wonke umhlaba ube munye, ngoba banesifiso sobunye enhliziyweni yabo. Kodwa bafuna ukuwahlanganisa wonke ngaphansi kobukhomanisi, lowo ngumqondo wabo, niyabo, lokho kwenziwe ngumuntu. Awu, i-UN ifuna ukubahlanganisa nayo, bonke phansi kwe-UN. Kukuphi na? Babahlanganise ndawonye emandleni ezempi.

89 Umuntu akaphili ngamandla ezempi, umuntu uphila ngamandla okuvuka kweNkosi uJesu Kristu, hhayi ngamandla ezempi, ngamasputniki, nokunye nokunye. Siyaphila futhi siphile ngamandla kaJesu Kristu.

90 Kodwa niyabona ukuthi bona, qaphelani, bona, ukuthi bakwenza kanjani na? Bukani lapha kuNimrodi, wayefuna ukuhlanganisa abantu phansi koyedwa futhi akhe umbhoshongo. Kwakuyisifanekiso sani na? Ilada likaJakobe: ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni.

91 Kuthiwani ngeKatolika na? Bafuna ukuhlanganisa umhlaba wonke ngaphansi kokukodwa: ubuKatolika. Kuthiwani ngeProtestane na? Ufuna ukubahlanganisa bonke ngaphansi kokukodwa, ngaphansi koMfelandawonye wamaBandla; kuyiphutha nje futhi kumnyama njengoba amaKatolika enjalo, ngudeveli omdala ofanayo oqamba amanga. Yiqiniso. Lelo yiphutha elibulalayo.

92 Bafunani na? Babafuna bonke ukuba babe ngumfelandawonye wamabandla, "Sonke singaphansi kwenhloko eyodwa, inqobo nje uma ngingaba ngumbusi." AmaKatolika afuna bonke babe ngaphansi kwenhloko eyodwa, uphapha angaba ngumbusi; IRashiya ibafuna bonke ngaphansi kwenhloko eyodwa, ukuze ubukhomanisi bungaba ngumbusi; i-UN ibafuna bonke ngaphansi kwenhloko eyodwa, ngakho thina i-United States singathi ukuba ngubasi ngoba siyisizwe esikhulu kunazo zonke. Konke ngudeveli ofanayo, futhi zonke izizwe emhlabeni zilawulwa ngudeveli, neBhayibheli lisho kanjalo. "Lapha asinawo umuzi omiyo, kepha sifuna Ozayo."

93 Ngasukuma phezu kwezinkundla zofaro nokhesari, futhi ufanele umbe amafidi angamashumi amabili ukuze uthole ezabo, lapho izihlalo zabo zobukhosi zihlezi khona. Sonke isihlalo sobukhosi sasemhlabeni sizowa, zonke izizwe zizowa, zonke izakhiwo zizobuthuka, zonke izivumokholo ezenziwe ngumuntu zizofa, kodwa uKristu uyohlala kuze kube phakade naphakade. Kungani sihlangana ngaphansi kwento enjengaleyo na? Kulahlekile kwasekuqaleni nje, kodwa bonke bafuna ukuhlangana ngaphansi kwalokho.

94 Manje, awukwazi ukuma phakathi nendawo, awukwazi nje ukukwenza. "Nxa umoya ongcolileyo esephumile kumuntu, uhamba ezindaweni ezomile." Umuntu uyehla futhi asindiswe, usebuyiselwe ebandleni, awu, manje ukuqiniseka ukuthi akaduki ngaphansi kwelinye ibandla elithize, bamfundisa imfundiso, "Manje, uma uzoba kulelibandla, ufanele ulandele izivumokholo zethu, ufanele ukhiphe yonke lena enye into engqondweni yakho." Ungangitsheli, ngiyazi. "Ufanele ulandele ihlelo lethu. Ufanele ubhaphathizwe ngokuthela amanzi amancane phezu kwekhanda lakho," noma—noma ngenye indlela.

95 Abanye babo babhaphathiza kathathu ubuso bubheke phambili, ngezinye izikhathi kathathu emuva. Kwenza mehluko muni, empeleni na? Kodwa niyoxabana futhi niqophisane ngakho, kukhombisa ukuthi kwenziwe ngumuntu, kuzofanele

kuwe, ngokuba, "Sonke isithombo uBaba wami waseZulwini angasitshalanga, siyosishulwa." Sifanele.

96 "Kodwa phezu kwalelidwala," (Liphi idwala na? Isambulo sokomoya sikaJesu Kristu.) "phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule."

97 IKatolika lithi kwakunguPetru, iProtestane lithi kwakunguKristu, kodwa uJesu wathi, "Phezu kwe... Inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu," isambulo sokomoya seNkosi uJesu, "phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi."

98 Hhayi ngoba omunye umuntu wakutshela. "Inyama negazi akukwambulelanga." Hhayi ngoba wakufunda esidlweni, hhayi ngoba wakufunda ekudleni isinkwa ikosha, hhayi ngoba wakufunda esigejaneni sezivumokholo, kodwa ngoba uMoya oNgcwele ukwembulile kuwe. "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, futhi onke amasango ehayidese angeLehlule." Kwakhombisa ukuthi bayomelana naLo, kodwa abasoze behlula.

99 Manje, njengoba siqhubeka, umoya ongcolile, khonake wenzani na? Uya ngale futhi ungena kulomuntu futhi uqala ukumtshela lokhu. Futhi niyazi ukuthi wenzani na? Kufana nje nalokho uJesu akusho, "Nizungeza izilwandle ukwenza iproselite elilodwa. Futhi uyini lapho usuqedile ngaye na? Umntwana wesihogo okabili kunalokho ayeyikho kwasekuqaleni." Ungabhekana kangcono nonondindwa wasesitaladini ungabhekana kangcono nonondindwa esitaladini, noma isidakwa kokunye ukutshuza, kunokuba ungakwenza nabanye balaba abadala abayimfashini endala kakhulu, *ababizwa* ngamaKristu. Kunjalo impela.

100 Bahlala phansi lapho futhi baqhuma njengexoxo ithodi lidla inhlamvu yokudubula inyamazane, futhi nje baqhubeke ngokwesabekayo, lapho bengazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu lazi ngobusuku baseGibhithe. Niyazi ukuthi lelo yiqiniso. Yehla futhi ubone inkazimulo kaNkulunkulu, omunye athole ukuphulukiswa futhi athi isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Ungakholwa kanjani lapho ungenalutho ongakholwa ngalo na? Uma uNkulunkulu esesihlalweni sobukhosi senhliziyo yakho, ngiyakutshela Uzovumelana nalo lonke iZwi. Ukwazi kuyothi, "Ngeke kwenziwa." Isayense ithi, "Ngeke kwenziwa."

101 "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa."

Ongakholwayo uthi, "Ngiyakungabaza lokho."

UNkulunkulu uthi, "Amen."

102 IBhayibheli lathi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

UMoya oNgcwele uthi, "Amen."

Isivumokholo sebandla sizothi, "Ngi . . . Awu, Ukoku*ngaka* Unjalo."

103 "NgiyiNkosi, ephulukisa zonke izifo zakho."

"Awu, Wayevame ukukwenza."

Kodwa uMoya oNgcwele enhliziyweni uzothi, "Amen," kulolonke iZwi likaNkulunkulu, ngoba WaLiloba, UnguMlobi, UnguMqambi.

104 Kodwa ongakholwayo, owesayense, isifundiswa esikhulu esiphucukile esine D.D.D., iPh.D., i L. abaphindwe kabili no D. lonke lolohlobo lombhedo, bayophikisana nakho, ngoba abazi kwehluka.

105 Njengendoda endala eyikhaladi yayisezansi eningizimu, yayilokhu icula, nobasi wayo wathi, "Sambo," wathi, "yini ekwenza ujabule kangaka na?"

Wathi, "Nginenkolo *ezwakala enhliziyweni*."

"O," wathi, "Ayikho into okuthiwa yinkolo ezwakala enhliziyweni."

Wathi, "Basi, wenze iphutha elilodwa."

Wathi, "Bekuyini lokho na?"

"Ubufanele usho ukuthi ayikho into ethiwa yinkolo *ezwakala enhliziyweni* ngokwazi kwakho." Kodwa wayazi okwehlukile.

106 Kungaleyondlela ngeseqiniso, isehlakalo sokuzalwa ngokusha sikaNkulunkulu. Umuntu uthi ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kukhombisa ukuthi akanawo. Wethemba izivumokholo zakhe, sethemba lokho uNkulunkulu akusho.

107 Manje, kwenzekani na? Ungeke wama phakathi nendawo, ufanele ugcwaliswe ngento ethize ukuze uphile. Qaphelani, ungahle ugcwaliswe ngento eyodwa phezu kwenye.

108 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngithi ukuba sothangweni."

109 Qhabo, awunjalo. IBhayibheli lisho ngokucacile ukuthi bonke labo ababengabekwanga uphawu ngoMoya oNgcwele bemukela uphawu lwesilo. Wonke lowo owayengenalo uPhawu lukaNkulunkulu ebunzini labo, wayenophawu lwesilo; unolunye lwalo manje.

110 Ngingathanda ukukuhlola kancanyana nje futhi ngibone ukuthi simi kuphi. O, uphawu lwesilo, khumbulani, luwuphawu lwenkolo. Impela, yilo. Ungahle ukuba ugcwaliswe ngenkolo, ubungaba nazo zonke izinhlobo zenkolo, lokho akukusindisi nhlobo. Ungaba nje wuhlanya lwenkolo uma ufuna ukuba yilo,

"Ningathinti, ninganambithi, ningaphathi, ningahogeli," lokho akuhlangene ngalutho noMoya oNgcwele.

111 Ungahle ugcwaliswe ngesigejane senzondo, ungahle ugcwaliswe ngesigejane sobandlululo, ugcwele kakhulu ngangokuthi awukwazi ngisho nokuhlala futhi uzwe intshumayelo eyodwa ishunyayelwa. Ungahle ugcwaliswe ngenzondo eningi, wedelela wonke umuntu ongavumelani nawe. Ungahle ukuba ugcwaliswe ngenqwaba yombhedo, futhi, ungahle ukuba ugcwaliswe ngenqwaba yamahlaya angcolile ka-Arthur Godfrey, okuningi kakhulu enicabanga ngakho futhi, okuningi kakhulu kwalokho, anizukuya esontweni ngoLwesithathu ebusuku, noma okuthize. Ungahle ukuba ugcwaliswe ngomculo wokuzibinya ka-Elvis Presley. Yiqiniso lelo. Kodwa ugcwaliswe ngokuthile, nokuphila kwakho uqobo kuyakufakazela lokho ogcwaliswe ngakho. "Niyakubazi ngezithelo zabo." Ugcwaliswe ngokuthile. Ungahle ugcwaliswe ngesigejane sobuvila, uvilapha kakhulu nje ukwenza noma yini ngakho.

112 Awu, awudingi ukuba ube ngaleyondlela, uKristu wafa ukuze uhlanzwe kuzo zonke lezozinto. Ungahle ugcwaliswe ngesigejane sezivumokholo, ungahle ugcwaliswe ngesigejane samahlelo, kodwa uNkulunkulu akafuni ugcwaliswe ngalokho, uNkulunkulu wenza indawo phakathi lapho ukuba Azifake kuyo, uNkulunkulu ufuna ugcwaliswe ngaYe uqobo.

113 Kwenzekani lapho ugcwaliswe ngoNkulunkulu na? Lapho ugcwaliswe ngoNkulunkulu, ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ugcwaliswe ngamandla, ugcwaliswe ngothando, ngenjabulo, ngokuthula, ngokubekezela, ngobuvi, ngobumnene, ngobubele, ngokukhonza, ugcwaliswe ngenjabulo.

114 UDavide wathi, "Indebe yami iyachichima." Futhi uma uDavide wayenendebe ichichima ngaphambi kokuba kufike uMoya oNgcwele, kuyoba yini manje na?

115 Ugcwaliswe ngokuthile. Futhi lapho ugcwaliswe ngemibono yomuntu, uma ugcwaliswe ngobusonto, uma ugcwaliswe ngezivumokholo, uzakhela kuphela iBabiloni elifanele liwe. Uma uzigcwalisa ngezwe lesimodeni, uma uzigcwalisa ngenkanuko, uma uzigcwalisa ngokuziqhenya, uma uzigcwalisa ngehlelo lakho, ulahlekile. Yinye kuphela indlela yokubekezela, lokho ngukubeka iNto yasekuqaleni ukuthi uNkulunkulu wenza lelogunjana enhliziyweni yakho ukuba ugcwaliswe ngayo, nalowo kwakunguMoya oNgcwele. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

116 Abafundi bathi ngolunye usuku, bathi, "Uzowubuyisela yini ngalesisikhathi uMbuso na?"

117 Wathi, "Akusikho okwenu ukwazi ihora uBaba alifake emqondweni waKhe uQobo. Kodwa niyakugcwaliswa ngoMoya oNgcwele, khona-ke niyoba njalo," hhayi kuze kube

yileyonkathi, “khona-ke niyakuba ngofakazi baMi eJerusalema, eJudiya, eSamariya, kuze kube semajukujukwini omhlaba.”

118 Bangane bami abathandekayo, mangisho lokhu kini kulobubusuku: UNkulunkulu usifuna sibe munye, kodwa Usifuna sibe munye, hhayi ngaphansi kobuwula benhloko yomuntu, kodwa Usifuna sibe munye, sihlangene ngaphansi kobuNkulunkulu obuNgcwele, sihlangene njengomuntu oyedwa, owesilisa oyedwa, owesifazane oyedwa, iBandla elilodwa, abantu ababodwa, umbono owodwa, inhloso eyodwa, injongo eyodwa, impokophelo eyodwa, lowo nguJesu Kristu; into eyodwa: ukuMkhonza; Uthando olulodwa: uthando lukaNkulunkulu; ubuzalwane obubodwa: ubuzalwane bomuntu; inhlanganyelo eyodwa: kaMoya oNgcwele, khona-ke sihlangene.

119 Yilapho uNkulunkulu akha khona ngalolusuku, kungakhathaleki ukuthi udeveli wenzani, Wakha uMbhoshongo, nalowombhoshongo wenziwe ngabantu abahlangene, wenziwe ngamaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, iNazarene, iPilgrim Holiness, Wenziwe ngabo bonke abantu abazelwe ngokusha onombhaphathizo kaMoya oNgcwele enhliziyweni yabo, egcwalisa lelokamelo elincane, futhi ebuka ngqo kuNkulunkulu ngokukhululwa, sihlangene khona-ke njengoyedwa.

120 Ngeke sisaqophisana khona-ke, angeke sisaphikisana, sizoziphathisa okwabesilisa, sizogqoka njengabesilisa, sizogqoka njengabesifazane, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, isimilo sethu, ukuziphatha kwethu, ukukholwa kwethu kuzofakazisa, lapho uNkulunkulu esho noma yini, sizothi, “Amen,” kuLo. Uma iBhayibheli lisho ukuba senze izinto ezithize siyokwenza, ngeke siphikisane siphindisele, sizovele sihambe sikwenze; yilokho uNkulunkulu afuna sihlanganiswe ngaphansi kwakho. O, besifanele senze kanjani kulolusuku lwamanje!

121 Lapha esikhathini esithize esedlule, ezansi emazweni aseNingizimu, babevame ukuba nobugqila babafo abangamakhaladi. Futhi isiBhunu, amaBhunu ehlela e-Afrika, athenga lezozigqila, noma, abathumba, abaletha ngapha futhi babathengisela kubantu baseningizimu babe yizigqila. Futhi bavele babathengisa njengoba ubungenza emotweni. Akukaze kube ngokulungile! Futhi ba—babathengisa ezansi lapho babe yizigqila. Futhi babedabukile, babedingeka bababhaxabule futhi babenze basebenze ngoba babedabukile.

122 Babehambahamba, futhi, abathenga bathengisele abanye, futhi babethenga i—isidalwa esingumuntu, njengoba nje ubungaya endaweni yezimoto esezike zasetshenziswa ukuba uzithengele imoto esike yasetshenziswa. O, kwakungalungile! Futhi lapho ayengabathenga, athenge abane noma abahlanu lapha ngenani elithize, bese ebathatha bese ebathengisela enye

indoda ngenani *elithize-thize*. Athenge abakhulu, ababanzi, abaphilile, azalanise amadoda amakhulu kwabesifazane abakhulu ngokuthe xaxa ukwenza ezinkudlwana, izigqila ezibanzi, njengezilwane.

123 Ngoluny'usuku othenga athengisele abanye othize ufika ngasepulazini elidala lokutshala, futhi wathi, "Ngingathanda ukwazi ukuthi zingaki izigqila onazo ozithengisayo."

Wathi, "O, mhlampe, mhlawumbe ezimbalwa."

Wathi, "Ngingazibhekisisa."

Wathi, "Ungakwenza."

124 Futhi waphumela ensimini, futhi uqala ukuqalaza, futhi wazithola phandle lapho ezimpongolozela, ezithethisa ngoba zazidabukile. Zazingeke zisaphinde zibuyele ekhaya, umama wayengaleya, ubabayi wayengaleya, mhlawumbe ingane yayingaleya, umyeni engaleya, babengasophinde bababone. Babelapha beyizigqila, babeyofela kulomhlabathi futhi bangcwabe lapha, babedabukile.

125 Kodwa lomthengi wezigqila kwenzeka waqaphela insizwa eyodwa, babengadingi ukuba bayibhaxabule, yayiqhunsule isifuba sayo, isilevu sayo sibheke phezulu, yonke into nje ngomzuzwana. Nomthengi wezigqila wathi kumnikazi, wathi, "Ngingathanda ukuthenga lesosigqila."

"O," wathi, "kodwa asithengisi."

Wathi, "Sehluke kakhulu kwezinye!"

Wathi, "Ngiyakwazi."

Wathi, "Nje—nje beka intengo yakho, oyifunayo ngaso."

Wathi, "Ngikutshelile, asithengisi."

Wathi, "Ngabe singubasi phezu kwazo zonke ezinye na?"

Wathi, "Qhabo, siyisigqila nje."

Wathi, "Usondla ngokwehlukile kancane kuzo zonke ezinye na?"

Wathi, "Qhabo, zonke zidla phandle ekamelweni lokuphakela emkhunjini ndawonye."

"Awu," wathi, "Yini eyenza lendoda yehluke kangaka kwezinye izigqila na?"

126 Wathi, "Uyazi ukuthini?" Wathi, "Ngamangala ngalokho ngesinye isikhathi mina uqobo, ngaze ngathola." Wathi, "Ngathola ukuthi ngale ezweni lendabuko, e-Afrika, uyise wayeyinkosi yesizwe," futhi wathi, "nakuba engowezizwe, futhi ukude nekhaya, kodwa usazi enhliziyweni yakhe ukuthi uyindodana yenkosi, futhi uziphathisa okwendodana yenkosi."

127 Besifanele senzeni na? Sifanele senze kanjani na? Sifanele siziphathe kanjani na? Njengamadodana namadodakazi eNkosi, sifanele sigqoke, siziphathe, siphile, sikhulume, sifakaze

njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Nakuba singabezizwe, sisezweni labezizwe phakathi kwezwe elifayo, kodwa nokho singamadodana namadodakazi eNkosi, uJehova uNkulunkulu. Besifanele sivumelane neZwi laKhe, besifanele sithi, "Amen," kuMoya waKhe, besifanele sizihlanganise ndawonye njengabazalwane nanjengodade, futhi siziphathe njengamadodana namadodakazi eNkosi.

128 O, he! Lokhu kuthi ukuba lukhuni kwiBaptisti, kodwa ngizizwa ngikholwa ngempela khona manje, ngikholwa ukuthi bengingacishe ngimemeze. Awucabangi ukuthi bayamemeza, ubufanele ufike ngakimi ngesinye isikhathi. O, ngizizwa ngikahle, ngokuba ngiyazi uMoya kaNkulunkulu ophilayo ulapha!

129 Ngibone nje into ethize yenzeka ukuba yokhele umphefumulo wami. O, malibongwe iGama laKhe! UNkulunkulu uzoba neBandla lihlangene, ngolunye lwalezizinsuku, akukude ezansi nomgwaqo. Sizoba munye, inhloso yethu izoba yinye. Njengethempeli elikhulu ngenkathi lihambisana, kwakungekho msindo wesaha noma umsindo wesando iminyaka engamashumi amane.

130 UNkulunkulu uyabanquma abakhiphe kumaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, zonke izitini ezibukeka zixakile, kodwa ngolunye lwalezizinsuku uMoya oNgcwele uzofika, leloTshe legumbi elanqatshwayo neSakhiwo kuyohamba ndawonye ngaphandle kokukhononda ngolunye lwalezizinsuku. Impela nje.

131 ITshe elinqatshiwe liyiTshe legumbi eliyiNhloko; nina bakhi balamahlelo, kukhumbuleni lokho, iTshe elinqatshiweyo liyiTshe legumbi eliyiNhloko; Ulapha kulobubusuku, ngiyaMkholwa.

132 O, kumangalisa kanjani! Kukhazimula kanjani! Ngiyazi ukuthi Ukhona. O, ngifisa sengathi ubuzizwele njengoba ngenza! Ngiyazi nicabanga ukuthi ngi. . . Ngingahle ngibukeke ngiyisiwula, kodwa anginjalo. Ngingahle. . . Ungahle ucabange ukuthi a—angazi ukuthi ngikuphi, kodwa ngiyazi. O, NguMoya kaNkulunkulu ophilayo! Angisakwazi nje ukushumayela, kukhona okuthize nje, izinsimbi zokujabula zeNkazimulo zisanda kungena kimi. Angikaze ngibe nakho ukuba kwenzeke kanjalo, kuyinto ethize nje. . . Ngiyazi kuza isikhathi, kuza into ezokwenzeka, ngiyakubona esikhathini esiseduze esizayo, uMoya kaNkulunkulu ophilayo wehlela kabusha eBandleni laKhe, kuzoba khona okwenzekayo. Ngizwa umsindo ezihlahleni zamajikijolo.

133 Into ethize yakhuluma nje enhliziyweni yami yase ithi, "Ungesabi, Mshumayeli, bazoba munye, ngolunye lwalezizinsuku, bazokholwa." Kungathatha ukuhlushwa nezinto ukusiqhubela ndawonye, kodwa uNkulunkulu uzoqhubela

iBandla laKhe ndawonye ngokuqinisekile nje njengoba ngimi kulelipulpiti, phansi koYedwa, lowo nguKristu. UKristu uzoba yiNhloko, akukho hlelo elizoba yinhloko, uKristu uzoba yiNhloko yalo lonke ikholwa. Haleluya!

134 Ungesabi ku*haleluya*; *haleluya* kusho ukuthi, "Makadunyiswe uNkulunkulu wethu." Ufanele lonke udumo ebesingalunika Yena. Yebo, mnumzane.

135 Lapha esikhathini esithize esedlule, ngangishumayela, nenenekazi lenyukela kimi, lase lithi, "Mfowethu Branham," lalingowenkoloze ethize yezenkolo, futhi lathi, "Kunento eyodwa nje ngokushumayela kwakho engingayithandi."

"O," ngathi, "Kunenqwaba eningi ngiqagele, nenekazi."

Lathi, "Kodwa into eyodwa nje, uqhosha kakhulu ngoJesu."

"O," ngathi, "nenekazi, angikwazi ukuqhosha ngokwenele! Ukuba benginezinkulungwane eziyishumi, izilimi eziyisigidi, bengingeke ngiMdumise ngokwenele! Unguye ngempela kakhulu."

Lathi, "Kodwa uzama ukumenza abe ngonobuNkulunkulu."

Ngathi, "UngonobuNkulunkulu."

Lathi, "Wayengumprofethi nje."

Ngathi, "Uma Wayengumprofethi, Wayengumkhohlisi wezwe omkhulu kunabo bonke, kodwa Wayengaphezu komprofethi, WayenguNkulunkulu wabaprofethi."

Lathi, "Uzama ukumenza abe ngonobuNkulunkulu." Lathi, "Uthe ubungoqavile."

Ngathi, "Nginguye."

Lathi, "Uma ngifakazisa kuwe ngeBhayibheli ukuthi wayengumuntu nje, uzokwemukela na?"

Ngathi, "Uma iBhayibheli lasho njalo."

Lathi, "UJohane oNgcwele 11," lathi, "iBhayibheli lasho ukuthi ngenkathi uJesu ehlela ethuneni likaLazaru, iBhayibheli lathi wakhala izinyembezi."

Ngathi, "Ngabe lowo ngumBhalo wakho na?"

Lathi, "Impela yiwo! Wayengeke abe ngonobuNkulunkulu futhi akhale izinyembezi."

136 Ngathi, "Nenekazi, impikiswano yakho izace ukwedlula isobho elenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawe yindlala." Ngathi, "Lokho kune . . . akusekelekile kuNkulunkulu."

137 Ngathi, "Uyehluleka ukuMbona. Ngenkathi Ehlela ethuneni likaLazaru, Wakhala izinyembezi, lowo kwakungumuntu ekhala izinyembezi, kodwa ngenkathi Ehlanganisa lawomahlombe amancane ndawonye, wathi, 'Lazaru, phuma,' nendoda yayikade ifile izinsuku ezine, ukubola kwayazi iNkosi yakho, nomoya wamazi uMenzi wawo, futhi umuntu wayesenezinsuku ezine

efile wama ngezinyawo zakhe, lowo wayengaphezu komuntu, lowo kwakunguNkulunkulu ekhuluma ngoMuntu. Wayeyikho kokubili uNkulunkulu nomuntu." Yiqiniso.

138 Ngenkathi Ehla entabeni ngalobobusuku, elambile, eqalaza esihlahleni ukuba athole okudliwayo, lowo kwakungumuntu elambile, kodwa ngenkathi Ethatha amabheskidi amahlanu nezinhlanzi ezincane ezimbili futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, lokho kwakungaphezu komuntu. Yebo, kwakunjalo.

139 Wayengumuntu ngenkathi Ephandle lapho kulololwandle ngalobobusuku, ngenkathi Wayekade ekhathele kakhulu namandla ephuma kuYe ekuphulukiseni abagulayo usuku lonke gulukunqu, nemibono, Wayengumuntu ekhathele, elele lapho ngenkathi amagagasi engazange ngisho aMvuse, ngenkathi odeveli abayizinkulungwane eziyishumi bolwandle bafunga ukuthi babezoMminzisa ngenkathi Elele, Wayengumuntu ngenkathi Ekhathele futhi ozela, kodwa ngenkathi Ebeka lolonyawo phezu kwentambo yokudonsa useyili yesikebhe, wabheka phezulu wayesethi, "Thula, uthi du," nemimoya namagagasi kwaMlalela, lowo wayengaphezu komuntu, impela kwakunjalo.

140 Ngifuna ukuhlangana ngaphansi kwamandla aKhe, ngifuna ukuhlangana nani besilisa nabesifazane kulobubusuku phansi kwamandla aKhe. Wakhala esiphambanweni, "Baba, UNgishiyeleni na?" Wafa njengomuntu, kodwa ekuseni ngePhasika, ngenkathi Ephula uphawu lwamaRoma futhi wagingqa itshe, futhi wavuka ngokunqoba Wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu. Uxhuxhumise izinhliziyo, Ubebukeka njengoNkulunkulu, Uziphathisa okukaNkulunkulu, UnguNkulunkulu. Yiqiniso.

141 Akumangalisi imbongi yathi:

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude le;
> Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
> Ngoluny'usuku Uyeza—o, usuku olukhazimulayo!

Kunjalo.

142 Akumangalisi uFanny Crosby oyimpumputhe wakwazi ukuthi:

> Ungangedluli, O Msindisi omnene,
> Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
> Lapho Ubabiza abanye,
> Ungangedluli.
>
> Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo yami,
> Ngaphezu kokuphila kimi,

> Ngubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
> Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

Kunjalo.

143 "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, Ngizohlanganisa iBandla laMi ndawonye ngaphansi kokubusa kukaMoya oNgcwele, futhi onke amasango esihogo angeLahlule."

144 Impela. Amen. YiLowo engifuna ukuhlanganiswa ngaphansi kwakhe, phansi kwamandla nobuholi bukaMoya oNgcwele ukufakaza kulo lonke iZwi likaNkulunkulu, ukuthi Liqinisile. Amen.

145 Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ubengabafaka ugesi lababantu phakathi lapha njengamanje enkonzweni yokuphulukisa sengathi awukaze uyibone ngaphambili uma nje sikukholwa. Ngikholwa ukuthi uBukhona baKhe bulapha. INkosi, kukhona ukumemeza kweNkosi.

146 Abaningi benu bashumayeli behlelo babuka phansi phezu kwalesisigejane esimemeza kakhulu futhi simemeza, futhi unomqondo ofanayo uBalami ayenawo: "Benze okungalungile."

Kunjalo, kanjalo nawe, kodwa unendlela yokufihla okwakho. Kunjalo.

147 Wena uthi, "O, lowomshumayeli wePentecostal wabaleka nonkosikazi wenye indoda."

148 Wenzenjalo lowomBaptisti naleyoPresbyterian, kodwa amaphepha aligcina elakho linganyakazi. Izono zabanye abantu zihamba ngaphambili, niyazi, ezinye ziyalandela. Nginike amandla ahlangene kaMoya oNgcwele futhi ususe konke okunye kwakho.

149 Ngizovumelana no-Eddie Perronet ngenkathi ethi:

> Bayede mandla eGama likaJesu!
> Izingelosi maziwe zilale phansi;
> Zilethe umqhele wobukhosi,
> Futhi ziYithwese umqhele iNkosi yakho konke.

Amen. Impela. Yilokho-ke.

150 Yilokho-ke, bazalwane: Nihlangene ngaphansi kweNhloko eyodwa: uNkulunkulu; uBuholi obubodwa: uMoya oNgcwele; inhloso eyodwa: uMbuso kaNkulunkulu. Lowo nguYe. O, ukhazimula kanjani! Ngingathanda kanjani ukuMbona! Amandla aKhe amakhulu aphakathi lapha manje; angizukubiza ngisho nomugqa womkhuleko, uNkulunkulu uzonibiza kulomsamo. Ngikholwa ukuthi iNkosi ikulelikamu.

151 UBalami wabuka izimilo, wehluleka ukubona leyonyoka yethusi naleloDwala elishayiwe. Yileyo indaba ngamabandla namhlanje, abantamo-zilukhuni, abangasokile enhliziyweni

nasezindlebeni, bayehluleka ukubona lowoMoya oNgcwele uhamba ngaphambi kweBandla. Lapho uNkulunkulu ekhona, izibonakaliso ezingaphezu kwemvelo ziyenzeka.

152 UKristu, iNhloko yeBandla ufuna ukusihlanganisa ndawonye kulobubusuku njengenhliziyo eyodwa, inhloso eyodwa. Nonke nina maBaptisti, maMethodisti, iPresbyterian, iPentecostal, besifanele sihlangane ndawonye njengenhliziyo eyodwa nomuntu oyedwa, phansi kweNkosi eyodwa: uNkulunkulu; ukubusa okukodwa: iZulu. Lonke iBandla likaNkulunkulu ophilayo, iPresbyterian, umMennonite, konke oyikho, uNkulunkulu uyasifuna. Ulapha, uMoya waKhe ulapha, kwangathi Angafakazisa kini kulobubusuku ukuthi nginitshele iqiniso.

153 Bangaki abantu lapha ogulayo na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile, kholwa. Kholwa nje. Kholwani ukuthi iNkosi isekamu; kholwani ukuthi uKristu onezibazi zezipikili, uMoya waKhe usekamu. Mvumele angene kulelokamelo lakho elincane Afuna ukungena kulo, Makangene futhi athi, "NgiyiNkosi. Ninganaki ukuthi umbhishobhi uthini, NgiyiNkosi! NgiyiNkosi, niyalikholwa iZwi laMi. NgiyiNkosi efanayo eyahamba eGalile."

154 "Wena uyiNkosi yeJuda na?"

Wathi, "Usho njalo."

155 Kholwani manje, nonke nina enigulayo. Asiqale ngapha. Abanye benu bantu abagulayo ngapha, niyamkholwa uNkulunkulu na? Niyakholwa ukuthi uJesu uvukile kwabafileyo na? Yibani nokukholwa manje, kholwani.

156 Kuthiwani ngalelinenekazi elincane elihlezi lapha nekhanda lalo libheke phansi ekugcineni kohlu na? Unalo ikhadi lomkhuleko, nenekazi na? Awunalo na? Uyamkholwa uNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi UyiNkosi na? Uyakholwa ukuthi ngimele Yena njengenceku njengoba kwenza lawa amanye amadoda, lababashumayeli, nokunye nokunye na?

157 Angisuye umshumayeli, njengoba umshumayeli ubengaba njalo, indoda efundile, kodwa ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Nginemfundo yebanga lesihlanu kuphela, kodwa ngifunde zonke izincwadi zebanga lesihlanu. Niyabo? Ngingahle ngingayazi iNcwadi yaKhe kahle kakhulu, kodwa ngimazi kahle kakhulu uMqambi, leyo yinto esemqoka. Uma ngimazi uMqambi, Uzokwembula iNcwadi yaKhe.

158 Awunalo ikhadi lomkhuleko, uyasho? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengangitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? Uyakholwa ukuthi bekunguJesu ovukileyo na? Uma ukukholwa lokho, leyonkathazo yabesifazane ngeke isakuhlupha. Uyakukholwa na? Uyakwemukela na? Phakamisa isandla sakho.

159 Lowo ngumyeni wakho emuva emva kwakho. Kunjalo. Wena uyindoda nomfazi. Angikwazi, angikaze ngikubone. Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho, mnumzane. Uyamkholwa uNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi engikutshela khona kuyiqiniso na? Unenkathazo yesisu. Uma lokho kunjalo, phakamisa izandla zakho futhi uzivayizelise, nobabili manje, uma lokho bekuqinisile.

160 Kuyini na? INkosi isekamu. Ngani na? Wathi, "Lezizinto eNgizenzayo nani niyakuzenza."

161 Kuthiwani ngalapha na? Uyakholwa na? Le ngale kovulandi abasesitezi lapho, niyakholwa, abanye benu na? Yibani nokukholwa kuNkulunkulu.

162 Kuthiwani ngaleyondoda ehlezi lapho nokhololo weyembe layo uvuliwe, khona phezulu lapha ohlwini. Uyakholwa, mnumzane na? Yebo, mnumzane. Ububhekise ikhanda lakho emuva, udumisa uNkulunkulu. Ubukeka njengendoda ehloniphekile kimi. Ngizobona uma uNkulunkulu ezokhuluma. Yiba ngumahluleli. U—ukhulekela isimo ekhaleni lakho, unezimila ekhaleni lakho. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ngiyisihambi kuwe na? Vayizelisa isandla sakho. Kulungile. Qhubeka, phulukiswa manje.

163 Ucabangeni, uhlezi eceleni kwakhe lapho, mnumzane na? Ngikubonile umbhekisisa ngokusondela kakhulu, wase-ke ukhothamisa ikhanda lakho ukuba ukhuleke. Ngiyisihambi kuwe, indoda eseduze kwakhe na? Kulungile. Ohlezi khona phansi lapha, uhlu lwesibili, awuzifuneli umkhuleko, ufuna umkhuleko ngomunye umuntu. Lowomuntu akekho lapha. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzongitshela ukuthi ubani na? Ubungakholwa ukuthi iNkosi ibisekamu, lokho bekuyoba ngeyaKhe. . .lowo owathinta ingubo yaKhe na? Uthinta Into ethize, uyakwazi. Ukhulekela umkakho, nomkakho unomfutho wegazi ophakeme. Kunjalo impela. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, kwemukele.

164 Kukholwe. Uma ukholwa, ungaba nakho okucelayo. O, kumangalisa kanjani! Nonke phakathi lapha, noma ngabe nikuphi, qalani ukukholwa manje. INkosi isekamu, uMoya kaNkulunkulu; ngingakhuluma kuphela njengoba Ingikhombisa, impela. "Uma ukholwa," uJesu wathi, "konke kuyenzeka."

165 Manje, lathini iBhayibheli na? Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, wahamba watshela abanye, "Thinta ingubo yaKhe." Waphenduka wayesethola ukuthi wayengubani, Wayengazi ukuthi wayengubani, kodwa Wayazi ukuthi inkathazo yakhe yayiyini, futhi wamtshela ukuthi wayephulukisiwe. IBhayibheli lathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

166 "Uma ukholwa. Uma ukholwa." Impela UNGINGUYE OMKHULU.

167 Kunendoda encane enwaya indlebe yayo lapho, ingibuka. Ucabangani, mnumzane na? Uyakholwa na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? UkuKhanya kulenga phezu kwakho, mnumzane. Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Yima ngezinyawo zakho. Wena... Kulungile, ngeke ube nzima ukuzwa uma uzolalela umzuzu nje. Akusikho kuphela ukuthi uzwa kanzima (Manje uyangizwa na?), unesifuba somoya, futhi, awunaso na? Ukukhwehlela, e-hhe, kwenza inhliziyo yakho ibhakuze. Awusuye owakulelidolobha, awusuye owalapha, awusuye owakulelidolobha, ungowakwelinye idolobha. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Woza lapha.

168 Khothamisani amakhanda enu umzuzu nje. Khothamisani amakhanda enu.

169 Nkulunkulu oPhakade noBusisiwe, asiceli izimangaliso, sicela isihawu, nikeza lomuntu umusa, susa isitha kuye, khipha umoya wesithulu kuye ukuze ezwe ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu.

170 Onke amakhanda ekhotheme.

171 Sekuyisikhathi esingakanani ungaleyondlela na? [Umfowethu uthi, "Kade ngizwa ngaleyondlela unyaka nohhafu."—Umhl.] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphulukisa, akusindise na? ["Impela ngiyakholwa!"] Usevele ukwenzile, ngikhuluma kancane nje. Manje, manje usukahle. Manje, ngifuna ubuyele eFranklin, e-Ohio, lapho ovela khona, futhi Mnu. Wesley Miller, uyilowo-ke, ovela eFranklin, e-Ohio, buyela emuva, unokuzwa kwakho, ususindile, isifuba sakho somoya asisekho, hamba, uthokoze manje, jabula. UNkulunkulu akubusise.

172 Uyakuzwa ukunyenyeza. O, kukhulu kanjani!

173 Ucabangeni, uhlezi lapho ngakuye na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Yebo, unenkathazo yezinso, kanti futhi nenkathazo yenhliziyo. Nawe ungowaseFranklin. Kulungile, Nkk. Baker, sukuma ume ngezinyawo zakho futhi uphile, eGameni leNkosi uJesu.

174 "Uma ukholwa, konke kungenzeka." Uyakholwa na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ulapha, Uyamangalisa, Mkhulu, Unamandla.

175 Ngibona inenekazi lihlezi ekugcineni liphakamise iduku lalo, libuka ngapha, nakho ukuKhanya phezu kowesifazane. Uyakholwa, nenekazi na? Ngiyisihambi kuwe na? Unenkathazo yenyongo. Kunjalo. Awusuye owakulelidolobha nawe, ungowasendaweni ebizwa ngeHamilton, e-Ohio. Igama lakho unguNkk. Henderson. Uma lokho kunjalo, yima ngezinyawo zakho. Manje buyela ekhaya, uphile, eGameni likaJesu Kristu.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

176 Ucabangeni, inenekazi elincane elihlezi emva kwalo, uhlikihla ikhala lakho ngeduku, ukhala izinyembezi na? Uyamkholwa uNkulunkulu na? Uyakholwa na? Uthinte into ethize khona-ke. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Qhabo. Awulidingi. Uyakholwa ukuthi leyonkathazo yamathumbu obuhlushwa yiyo isisukile kuwe na? Uma ukholwa vayizelisa isandla sakho emuva naphambili. Kulungile, khona-ke ungahamba futhi uphile.

177 Ngikuphosela inselelo ukuba ukukholwe! Haleluya! "Uma ukholwa!"

178 Ucabangani, uhlezi lapha, unqekuzise ikhanda lakho ngaleso sikhathi ungibuka, iduku kwelakho. . .? Unenkathazo yenhliziyo, awunayo na? UngowaseLebanon, e-Ohio. Mary, uma ukholwa, ungabuyela emuva futhi uphile. Yima ngezinyawo zakho, Mary, futhi wazise abantu ukuthi ungubani. Kulungile. UNkulunkulu akubusise.

Asithi, "Makabongwe uNkulunkulu," uma ungakukholwa. [Ibandla lithi, "Makabongwe uNkulunkulu."—Umhl.]

179 Lapha, lelinenekazi elihlezi khona lapha, unenkathazo yomuzwa, uhlezi lapho usula amehlo akho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kulokho kwethuka, omncane, owesifazane obukeka ezacile na? Uma ukholwa, ungaba nakho.

180 Beka isandla sakho phezu kwenenekazi elihlezi eduze kwakho lapho, ngenkathi uMoya oNgcwele useseduze kwalo lapho. Lihlushwa yisifo sikashukela. Kunjalo, nenekazi. Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo, siphakamise. Kunjalo. Uyakholwa na?

181 Ucabangani, uhlezi eceleni kwalo, futhi na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Unenkathazo yesibindi nenkathazo yokwethuka, inenekazi eligqoke ibhantshi elibukeka limhlophe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa manje na? Phakamisa isandla sakho, ungakwemukela, uye ekhaya.

182 Haleluya! INkosi isekamu. INkosi Ubani na? INkosi uJesu.

183 Emuva le ngemuva, imigqa eminingana emuva, nakho kuhlezi inenekazi elincane lihlezi cishe elesithathu phakathi, lihlezi eduze kwamabili, lawomanenekazi amabili angamakhaladi, unesifo samankanka, nenekazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na?

184 Inenekazi eliyikhaladi elihlezi lapho eceleni kwalo linemithambo eyimiqhansa. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokusindisa, nenekazi eliyikhaladi na? Uma ukukholwa, ungaba nakho.

"Uma ukholwa!"

185 Inenekazi eliyikhaladi elihlezi eduze kwakho lapho linenkathazo yesisu.

186 Awu . . .? Emuva lapha, awuboni ukuthi ngikhuluma nobani, ukuKhanya na? Uma ungakukholwa, ungaba nakho. Ngiphosela inselelo noma yimuphi umuntu phakathi lapha ukuba akukholwe!

187 Siyini na? Sihlangene ngaphansi kobuKhosi obubodwa obukhulu, lowo nguKristu. UKristu ulapha. O, he! Leyonhliziyo encane ekuwe, leyonto encane eshaya phansi lapha, enalo lonke uhlobo lwezinkolelo-ze nokungabaza, zonke izinhlobo zokwesaba, bangaki abangathanda ukuhlanganisa leyonhliziyo kuKristu kulobubusuku na? Phakamisa isandla sakho. Amen. Bangaki ofuna lonke izwe likhishwe enhliziyweni yakho, sonke isono sakhishwa enhliziyweni yakho, konke ukungakholwa kwakhishwa enhliziyweni yakho, futhi ufuna ukukhipha lonke ihlelo nesivumokholo enhliziyweni yakho, ukuze uhlangane noKristu na? Makabongwe uNkulunkulu ophilayo! Yimani ngezinyawo zenu khona-ke. Amen.

188 Umzuzu nje, ngibone okuthize. Nenekazi, ume ngezinyawo zakho ngaleyonkathi. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Unenkathazo ohlangothini lwakho, awunayo na? Lowo ngumyeni wakho ohlezi lapho kulolohlaka. Mnumzane, uzofa ulele lapho, lowo ngumdlavuza, uyakubulala. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Ungathatha izwi lami njengenceku kaNkulunkulu na? Cosha uhlaka lwakho lombhede bese uya ekhaya futhi uphile, eGameni leNkosi uJesu.

189 Udumo! INkosi isekamu, kulungile, uJesu Kristu. Kuthiwani ngani nonke na? Yini leyo emthole ehlangene na? Ngaphansi kwamandla kaNkulunkulu ophilayo. Mbuke egijima, futhi edumisa, egxuma-gxuma, edumisa uNkulunkulu. INkosi isekamu laYo! Haleluya! Nonke yimani ngezinyawo zenu, ninike uNkulunkulu udumo nenkazimulo. Udumo!

